

UMNYANGO WOKUTHELISA UNQANDA IZENZO EZINGEMTHETHO EMBONINI YEZINGCEZU ZENSIMBI

PRETORIA, ngoLwesine mhla zingama-31 kuMfumfu 2019 – Ngesonto eledlule umnikazi wenkampani eqoqa izingcezu zensimbi ngenhloso yokuzisebenzisa kabusha ezinze eThekwini uwavumile amacala okuthelekisa ngethusi elingasetshensiwe.

Umnikazi we-Group Wreck, u-Angelo Solimene, uwavumile amacala aphathelene neSigaba 54(1)(a) soMthetho wokuSingathwa koHwebo lwamaZwe oMhlaba i-Trade Administration Act, 71 of 2002, kanye neSigaba 84 soMthetho wokuThelisa i-Customs and Excise Act 91 of 1964.

Uthole isigwebo senhawulo engu-R500 000, ingxenyenye yayo elengisiwe iminyaka emihlanu ngaphansi kombandela wokuthi umsolwa angathelekisi izimpahla ngaphandle kwezimvume ezifanele. Usekhokhe imali engu-R600 000 ukuze kukhululwe izimpahla zakhe eMnyangweni wokuThelisa. Kodwa-ke, lezi zimpahla azivumelekile ukuthi zithelekiswe.

Lokhu kulantela uphenyo olwenziwe uMnyango wokuThelisa ngenyanga kaNtulikazi kulo nyaka lwamakhontena amabili akwa-Group Wreck , ayethlekiswa esuka echwebeni laseThekwini. Okwakuqukethwe amakhontena kwakudalulwe njengezingcezu zensimbi. Kodwa-ke, kuthe uma kwensiwa uphenyo, kwatholakala ukuthi kukhona ithusi elingasetshensiwe. Icalaladlulisewa kuKhomishana yaNingizimu Afrika eSingatha ukuHweba kwamaZwe oMhlaba i- International Trade Administration Commission of SA (ITAC).

Kusukela kuNhholanja wezi-2012, uNgqongqoshe wokuThuthukiswa koMnontho ukhipe umyelelo wokuthi ithusi akumele lithelekiswe liphume eNingizimu Afrika ngaphandle kwemvume, kanti i-ITAC ayikaze iphindie izikhipe izimvume selokhu kwaba unyaka wezi-2017.

Ekuqaleni kwalo nyaka, abakwa-SARS noMnyango woHwebo neziMbonyi basungule iqembu lama-ejensi omhlaba wonke elizosebenza ukubhekana nezenzo ezingemthetho embonini yeziMpahla, iziNdwangu neziCathulo, imboni yezingcezu zensimbi kanjalo nemboni yegolide lensimbi. Leli qembu lasungulwa ukuze kuqinisekiswe ukuthi iminyango kaHulumeni esemqoka isebeenzisana ngokubambisana ukulwisanokushumbisa, ukuhlolola okungahambisani nenani eliyilo lempahla kanye nokukhwabanisa okwenzeka kulezi zimboni.

Emva kwalezi zingxoxo nokusebenzisana, kube nokungenelela okuningi okusetshenzwa ngokubambisana kukho okubhekiswe kulezi zimboni. Ngenxa yalokho, kutholakale ukuthi embonini yezingcezu zensimbi izinto azidalulwa ngeqiniso futhi kudalulwa isisindo esingaphansi kwalesi esiyiso.

KuNcwaba kulo nyaka, abaqondisi ababili benkampani ezinze e-Port Elizabeth, i-Beacon Valley (Pty) Ltd, nabo bwavumile amacala angama-36 aphathelene nokuthelekisa kwezingcezu zensimbi. Badalula okuqukethwe amakhontena angama-36 echwebeni lase-Coega njenge-“njengezingcwecwe” hhayi “izingcezu zensimbi” baphinde bahluleka ukulandela imithetho eyiyo yokuthelekisa.

Abasolwa nabo bathole isigwebo senhawulo engu-R500 000, ingxenyenye yayo elengisiwe iminyaka emihlanu ngaphansi kombandela wokuthi bangathelekisi izimpahla ngaphandle kwezimvume ezifanele. Bakhokhe imali engu-R400 000 ukuze kukhululwe izimpahla zabo, lezi zimpahla azivumelekile ukuthi zithelekiswe.

Imboni yezingcezu zensimbi yimboni eyenza izigidigidi zamarandi kanti futhi zinegalelo ellilinganisewa ku-R15 billion njalo ngonyaka emikhqiqweni ehangene yasekhaya eNingizimu Afrika. Ngonyaka wezi-2017, inkampani yezingcezu zensimbi ilahlwe icala eNkantolo yoMthethosisekelo ngenkathi bephonsela inselelo uMbuso ngokuhlinzekelwa umthetho mayelana nokuthelekisa kwezingcezu zensimbi, okwaziwa ngokuthi uhlelo lokuncishiswa kwephesenti lenani, kanye nesinqumo se-ITAC sokunqaba ukukhipha izimvume zokuthelekisa, ngokuhambisana nohlelo lokuncishiswa kwephesenti lenani. Lokhu kufike cishe emva kweminyaka emine wombango wecala ngokokuba semthethweni kohlelo lokuncishiswa kwephesenti lenani.

Ngokwezingcezu zethusi, mukhulu umthamo wethusi nethusi elixutshiwe osuthelekiswe usuka eNingizimu Afrika ngamanani aphezulu ngenxa yokufunwa kwawo emazweni athile. Lokhu kwaba nomthelela omubi embonini yakuleli yethusi kanti nokufunwa kwethusi kwakubhebhethekisa ukwebiwa kwezintambo/kwamakhebuli ethusi, nokwabangela ukulahleka kwezigidigidi zamarandi. Ukuuthelekisa kwezingcezu zethusi eliningi nakho kwaba nomthelela omubi embonini yakuleli, okwakuholela ekukhqiqwani kwemithamo emincane nasekulahlekeni kwemisebenzi - nosekwenze ukuthi kuqiniswe imithetho ephathelene nokuthelekisa kwethusi lisuka eNingizimu Afrika.